basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NOVEMBA 2021

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Usizo Engalunikwa Umuntu Engangingamethembi. **[50]**

1.2 Izinto Engizithanda Kakhulu Ngomngani Wami. **[50]**

1.3 Angikholwa Ukuthi Yimi Lo Osekuleli Zinga. **[50]**

1.4 Ubuhle Nobubi Bokungabibikho Kwezemidlalo Ezikoleni. **[50]**

1.5 Kungcono Yini Ukufunda *Online* Kunokufunda Usekilasini? **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-wwwgoogle.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI**

Ngenkathi uyolanda umazisi (ID) wakho omusha eMnyangweni wezaseKhaya endaweni yangakini, ubone izinguquko eziningi ezinhle mayelana nokuphathwa kwabantu kanye nomsebenzi.

Bhala **incwadi** eya **kuMhleli** wephephandaba iMalibongwe, uncome/utuse abasebenzi bakulesi sikhungo. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Ugogo wakho obeqeda iminyaka engama-70 ushone emva kokugula isikhathi eside. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando ozofundwa ngosuku lomngcwabo.

Bhala **umlando** ngomufi. **[30]**

2.3 **INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Umzala wakho ohluphayo, uyahamba uyofunda enyuvesi yaseKapa. Wena ucele ukumkhipha niyodla idina ukuze uxoxe naye ngaphambi kokuthi aye enyuvesi.

Bhala **inkulumo-mpendulwano/ingxoxo** ephakathi kwakho nomzala wakho. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IKHADI LESIMEMO**

Abazali bakho bazobe behlanganisa iminyaka engama-20 beshadile. Nihlela umcimbi wokubamangaza (Surprise Party) ukugubha lolu suku lo mshado wabo.

Bhala **ikhadi lesimemo** elihehayo ozomema ngalo izihlobo nomakhelwane. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Wena ukhethwe ukuba seqenjini labagijimi abamele iNingizimu Afrika eliya eJapan.

Bhala **idayari** yezinsuku eziyi-5 ngozokwenza ngaphambi kwalolu hambo. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

Wena uhlangane nezivakashi ezidukile ezifuna indlela eya e-No 11 Havelock Cres.

Buka lo mdwebo olandelayo **ubhale inkombandlela** ecacile abazoyisebenzisa ukusuka ku-N3 baze bayofika e-No 11 Havelock Cres.

